


SIVYA MASUKU • NOZIZWE HERERO • NADENE KRIEL




*Isitsha
samakhhekhe
masiwe*



Isitsha samakhhekhe masiwe

Le ncwadi ngeka







Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.

Isitsha samakhekhe masiwe
Illustrated by Siya Masuku
Written by Nozizwe Herero
Designed by Nadene Kriel
Edited by Glynis Lloyd
Translated by Nal'ibali
with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 19 November 2016.

ISBN: 978-1-928377-99-3

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.





uMicki nabangani bakhe, uLolo no-
Unathi, babefunda izincwadi zabo
abazikhonzile.

“Uma ningasiza uMicki ukulungisa
ikamelo lakhe,” kwasho uPrudence,
“ningathatha wonke amakhekhe emva
kwalokho.”


“YEYEYE!”

Kodwa baqhube ka bafunda, bafunda,
bafunda.



Emva kwalokho bayeka ukufunda base
belungisa ikamelo likaMicki.





“Manje ikamelo lami selilungile,”
kusho uMicki. “Masihambeni sithole
amakhekhe.”

Kodwa izingane azimtholanga
ndawo uPrudence. Ngakho,
zahamba zaya ekhishini ...

UMicki, uLolo no-Unathi bagqolozela
isitssha samakhekhe eshalofini ezibuza
ukuthi bangafinyelela kanjani kuso.





*Ngakho bathola isigqikana
bashintshana ngokugibela
kuso.*

*Kodwa akukho noyedwa kubo
owafinyelela esitsheni
samakhekhe.*

*“Umama ngabe uthi lokhu
kuyingozi futhi singawa
sizilimaze,” kwasho uLolo.*



Ngakho-ke uLolo wagibela
emahlombe ka-Unathi wayeselula
izingalo zakhe, kodwa akakwazanga
ukufinyelela esitsheni samakhekhe.


“Ubaba ngabe usethi lokhu kuyingozi
futhi singawa sizilimaze,” kwasho
u-Unathi.



Ngakho izingane zathola intambo
ezingayijikijela ziyizungezise
esitsheni samakhekhe ngenhloso
yokuthi zisidonse sehle.

Kodwa naphezu azikwazanga
ukufinyelela esitsheni samakhekhe.

“Umama ubesezothi lokhu
kuyingozi futhi isitsha singawela
phezu kwethu bese sisilimaza,”
kwasho uMicki.





“Nenzani?” kubuza
uJonathan noSakhi.

“Sizama ukufinyelela esitsheni
samakhekhe,” kwasho uMicki.

“Singanisiza,”
kusho bona.



“Masiduduleni itafula lisondele eshalofini bese sigibela phezu kwalo okungenani,” kusho uJohathan.

Nokho, akekho namunye kubo owafinyelela esitsheni samakhekhe.



“Masiphonseni ibhola esitsheni
sisishaye siwe phansi yikhona
amakhekhe ezowela phansi,”
kwasho uSakhi.

“Yebo!” kusho uLolo noJonathan.
“Cha!” kusho u-Unathi noMicki.



Makhathaleni, uMicki
waqhamuka nesu ...



kanti lena
kwaba yindlela
yokufinyelela
esitsheni
samakhekhe,
sebehangene!

